OWEZOLIMO NEKHWELO LOKULWA NOBUBHA KWAZULU-NATALI

Ngakwesokunxele uMnu. J Mngomezulu (HOM), uNgqongqoshe wezoLimo kanye nokuThuthukiswa koMphakathi waseMakhaya uNkk. Thembeni kaMadlopha-Mthethwa kanye no Mnu. P. Khanyile

Eminye yemikhiqizo wase Masibumbane Poverty Alleviation Project, okungumfelandawonye wabesifazane ku Ward 9 ngaphansi koMasipala uMthonjaneni

UNGQONGQOSHE womNyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya esiFundazweni, uMhlonishwa uThembeni KaMadlopha-Mthethwa, usehlabe ikhwelo walibhekisa kubo bonke abalimi enxusa ukuba amabombo abhekiswe emasimini kuyokhiqizwa ukudla esFundazweni.

UNgqongqoshe ukusho lokhu ngesikhathi ehlangene nabalimi baseMthonjaneni, uMphathiswa uKaMadlopha-Mthethwa ugcizelele ukubaluleka kokusebenza ngokubambisana phakathi kwabalimi kanye noMnyango ukuze kuxoshwe ikati eziko emiphakathini yakithi, sivale negebe elikhona phakathi kwabalimi abasafufusa kanye nasebesimeme.

UMhlonishwa uphinde wagcizelela ukubaluleka kokuthi intsha, nabesifazane abasondele embonini, bakhuthalele ukulima, ikakhulukazi njengoba isiFundazwe sakithi senganyelwe kakhulu ububha kanye nokwentuleka kwamathuba emisebenzi.

"Ngikhuthaza bonke abalimi ukuba basebenzisane ekulwisaneni nendlala. Ezolimo ziyinsika yomnotho wethu wasemakhaya, uma sibambisene, singaguqula umhlabathi wethu ube ngumthombo wokuphila. Ngokubambisana singakwazi ukuxazulula izinselelo ezibhekene nabalimi. Okuyongijabulisa kakhulu ukubona intsha isukuma izibandakanye nezolimo. Ukuhlangana kwentsha, kungazivuselela ezolimo, kuqinisekise ikusasa eliqhakazile elithela izithelo ezinhle, ezingavula namathuba emisebenzi.

Maningi kakhulu amathuba embonini yezolimo, kepha kudingeka abantu abakhuthele. umNyango uxhasa amaphrojekthi abalimi abasafufusa kanye nalawo abalimi asebedlondlobele. Konke lokhu sikwenza ngenhloso yokuthuthukisa ezolimo,ngendlela ezofukula umnotho, kuphinde kuqinisekiswe ukuphepha komgodlagodla wokudla esiFundazweni." kuchaza uNgqongqoshe uKaMadlopha-Mthethwa.

Ngaphezu kwalokho, uNgqongqoshe uveze ukuthi umNyango unochungenchunge lwezinhlelo, ohlose ngazo ukuthuthukisa abalimi, okungabalwa kukho ukuhlinzekwa kwezinsiza, ukuxhasa amabhizinisi abalimi, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nokuvulela abalimi izimakethe.

Njengeminye yemizamo yokuhlangabezana nezidingo zabalimi, umNyango uthenge ogandaganda abasha abangu-24, abazolekelela ukuletha izidingo emiphakathini ngesikhathi sokutshala. Lokhu kuzolekelela abalimi ukuba balime indawo enkulu, benze imisebenzi ngokushesha, futhi batshale ngesikhathi esifanele okuzoholela ekwandeni kwesivuno.

Kamumva nje, umNyango ubambe ingqungquthela yabeluleki ngenhloso yokucobelelana ngolwazi kanye namasu azothuthukisa umkhakha wezolimo. Lombuthano wabeluleki uzosiza emzamweni wokwandiswa kokudla ezweni, okuthanda ukushona phansi njengamanje ngenxa yezinhlekelele zemvelo ezifana nezikhukhula ezike zahlasela isiFundazwe.

Uphiko locwaningo lwangangaphakathi emNyangweni luzobamba isithangami sochwepheshe ngenhloso yokucobelelana ngemiphumela yocwaningo ezolekelela abalimi bethuthukise imikhiqizo.

UNDUNANKULU WESIFUNDAZWE IKWAZULU-NATALI UTUSA IQHAZA LABELULEKI BEZOLIMO.

uNdunankulu wesiFundazwe KwaZulu-Natali, uMhlonishwa Thami Ntuli ophakathi nendawo, noMphathiswa wezoLimo uNkk. Thembeni kaMadlopha-Mthethwa nethimba ebelethula imiphumela yocwaningo emikhakheni eyahluka hlukene

uNgqongqoshe uNkk. Thembeni kaMadlopha-Mthembu ethula inkulumo yakhe yosuku kwi Provincial Annual Extension and Advisory Services Summit ka-2025 ibise Olive Convention Centre eThekwini ngomhlaka 14 kuNcwaba 2025

Abeluleki bomNyango wezoLimo abavela kuzozonke iziFunda bezothamela i-Provincial Annual Extension and Advisory Services Summit ka-2025

UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa, ubonge abalimisi ngokusebenza ngokuzikhandla bethekela abalimi ngezinhlelo ezikhona emNyangweni, baphinde baluleke ngolwazi lokukhiqhiza usebenzisa ubuchwepheshe besimanje (Smart Agriculture) okuyinguquko enkulu embonini yezolimo oluyizithelo zokuhlangana kwezocwaningo kanye nezobuchwepheshe.

UMphathiswa ukusho lokhu ngesikhathi umNyango ubambe ukhukhulelangoqo wombuthano wabeluleki bezolimo wamnyakayonke obuse Olive Convention Centre, eThekwini ngoLwesine mhlaka 14 kuNcwaba 2025. Lomhlangano ububanjwe ngaphansi kwesiqubulo esithi: "Transforming Agricultural Extension For sustainability, Climate-Smart and Resilient Rural Development". Ngalengqungquthela umNyango uhlose ukucija uphiko lwabalimisi ukuze kwande umkhiqhizo kuphinde kuthuthukiswe nemiphakathi yasemakhaya.

Babalelwa ngaphezulu kuka-500 abeluleki abebethamele lombuthano, behlangene nongoti asebemnkantshubomvu emkhakheni wokucwaninga ukuguquguquka kwesimo sezulu ngenhloso yokucobelelana ngolwazi, kanye namasu okuthuthukisa imboni yezolimo. Ochwepheshe baphinde bakhuthaze ukusetshenziswa kocwaningo kanye nobuchwepheshe ukuze abalimi begweme ukuba izisulu zezinhlekelele ezidalwa ukuguquguquka kwesimo sezulu.

Ngonyaka ophelile umbiko ochaza ngesimo somgodlagodla wokudla ovela kwi Human Sciences Research Counsil uveze ukuthi alinganiselwa ku17% imindeni esadla imbuya ngothi baphinde balinganiselwe ku4,3% abaphila ngendlala KwaZulu-Natali.Ngaphezukwalokhu umbiko uveze ukuthi ukuntula kokudla okunomsoco kubonakala kakhulu eziFundeni ezifana neZululand, uMkhanyakude kanye neHarry Gwala.

Ukubhekana nalezi ngqinamba uMphathiswa womNyango uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa uveze ukuthi "Sibeke eceleni izigidi ezibalelwa ku 36 million wamaRandi ezobhekelela ukwandiswa komkhiqhizo wokudla ngenhloso yokulwa nendlala, kuthuthukiswe ingqalasizinda kanye nemfuyo emiphakathini yasemakhaya njengoba kuzoqala uhlelo lwesikhathi sokutshala. Ngaphansi kwalolu hlelo sisize abalimi basemakhaya abanga phezulu kuka 13 823, siphinde sikhiqhize izithombo ezilinganiselwa ku 10 million ngaphansi komkhakha wezocwaningo emNyangweni ngenhloso yokuxosha ikati eziko emiphakathini yakithi.

Kuyangithokozisa ukubika kubafuyi ukuthi umNyango umi ngomumo ngemigomo kanye nemithi yokudipha izinkomo njengoba kubheduke isifo samatele esiFundazweni, kanti nezinhlelo zokuthuthukisa inqalasizinda efana namadipha kanye namadamu ziyaqhubeka."

Ethula inkulumo yokuvula ngokusemthethweni lengqungquthela, uNdunakulu waKwaZulu-Natali uMnu Thami Ntuli uqhakambise indima edlalwa abeluleki ekuthuthukiseni umnotho wesiFundazwe, uMhlonishwa uNtuli ugcizelele wathi umbono wakhe ukuthi iKwaZulu-Natali ibe luhlaza ngezithelo ezahlukahlukene iphinde ibe isiFundazwe esihlonishwayo ngokufukula umnotho ngezolimo.

"Kusenhlizweni yami ukuthuthukisa imiphakathi yasemakhaya, angifuniseli ngezingqinamba ezikhungethe izakhamizi zasemakhaya, ngoba nami ngiqhamuka emakhaya. Isifiso sami esikhulu ukubona abalimi abazinze kulezizindawo bedlondlobala, bavuleleke ezimakethe ezinkulu, baze bahwebe ngisho namazwe angaphandle. Izimakethe ezinkulu zibeke imigomo nemibandela okumele kuqinisekiswe ukuthi abalimi bayahlangabezana nayo, okungeke kwenzeke ngaphandle kwabeluleki.

Njengoba ezolimo ziwumgogodla wokufukula umnotho, kanjalo nabalimisi bawumgogodla wokuthuthukisa ezolimo emakhaya. Isicelo sami ukuba abeluleki baphume ngothi lwabo bayolekelela abalimi njengoba lizokwethwesa ihlobo. Ngifisa nokubonga ukusebenza kwenu ngokuzikhandla ngoba ngiyaqonda ukuthi ninamandla okufeza umbono kanye nephupho enginalo ngesiFundazwe sakithi." Kubeka uNdunankulu.

Emvakokwethulwa kocwaningo emikhakheni eyahlukahlukene, umNyango ube nomcimbi wokuklomelisa abeluleki abaphume phambili.

UMNYANGO WEZOLIMO USEMKHANKASWENI WOKULWA NEZIFO EZIKHINYABEZA IMFUYO

uNgqongqoshe womNyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa egoma izinkomo ngenkathi umNyango uqhuba umkhankaso wokulwa nokubhidlanga kwamatele esiFundazweni.

UKUBHIDLANGA kwezifo ezahlukene ezihlasela imfuyo ikakhulukazi isifo samatele sekuphoqe umNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, ukuthi uqaphe ngeso lokhozi imingcele uphinde uqinise nemigomo yokuthuthwa kwemfuyo.

Zilinganiselwa ngaphezulu kuka 700 000 izinkomo esezigonyiwe esiFundazweni, amathimba oDokotela bemfuyo bagcwele izinkalo bahamba begoma baphinde baqwashise ngesifo samatele. umNyango ukubeke eqhulwini ukunqanda ukubhebhetheka kwalesisifo, ingakho unxenxa abafuyi ukuba belethe izinkomo zizogoma baphinde balandele yonke imithetho ebekiwe.

Isifo samatele asigcini ngokuhlukumeza impilo yesilwane nje kuphela, kepha sikhinyabeza amabhizinisi adayisa imfuyo kanye nemikhiqhizo (inyama kanye nobisi) uNgqongqoshe womNyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa ugcizelele ukuthi abafuyi abakhele iziqiwi abaqaphele izimpawu zesifo samatele bese baphinde bagome imfuyo.

"iziFunda ezifana ne Zululand, King Cetshwayo, uMzinyathi, uMkhanyakude kanye neMajuba sezihlonzwe njengezifunda ezihaqwe isifo samatele.Umbiko ovela koDokotela bemfuyo uxwayisa ngokuthi abafuyi abakhelene neziqiwi ibona abasengcupheni kakhulu, lokhu kungenziwa ukuhlangana kwemihlambi nezinyathi, okuyizilwane eziphila naso lesi sifo samatele. Njengengxenye yokunqanda ukusabalala kwamatele, uMnyango wezoLimo kaZwelonke wabele isiFundazwe sakwa Zulu-Natali imigomo yesifo samatele engu-500 000 ukunqanda ukusabalala kwesifo" kusho uMphathiswa KaMadlopha-Mthethwa.

Ngaphansi kohlelo lokuthuthukiswa kwemfuyo, umNyango uzoqasha abazolekelela ukugcina amabhuku emigomo kanjalo nokudishwa kwemfuyo.

NAKHU OKUBALULEKILE OKUMELE UKUQAPHELE MAYELANA NESIFO SAMATELE

• UmNyango uyaqhubeka nokunxusa abafuyi ukuthi bapheze ukuthutha imfuyo ngaphandle kwezimvume.

•Abadayisi basezindalini kanye nabafuyi mabaqaphele uma bethenga imfuyo ensele-mbili evela kwezinye izifundazwe.

• Imfuyo enselembili ingathuthwa kuphela uma iphelezelwa ngamaphepha avela kumdayisi achaza ngesimo sempilo semfuyo.

• Imfuyo esanda kufika evela kwelinye ipulazi kumele ibekwe yodwa ingahlanganiswa nemfuyo ebivele ikhona kuze kuphele izinsuku ezingu 28.

• Kubalulekile ukuthi abafuyi baxhumane noDokotela bemfuyo uma benesifiso sokuthutha imfuyo. Kanjalo kubalulekile ukuthi baqikelele uma kuzofika imfuyo evela kwezinye izindawo.

• Abafuyi mabaqiniseke ukuthi bagweme ukuthintana kwemfuyo ngamadevu.

BIKA IZIMPAWU EZISOLISAYO

• Amathe amaningi ajuzayo

• Enezilonda emlonyeni,

• Ukuxhuga kanye nezinselo ezivuvukele.

ICILONGO KUBALIMI ABAFISA UKULEKELELWA NGOXHASO LOKULIMA KULONYAKA KA 2025/26

Insingizi ebika ukwethwasa kwehlobo isikhalile ezintabeni zaKwaZulu-Natali ngakhoke Umnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yasemaKhaya ufutha icilongo elimema bonke abalimi abafisa ukubamba iqhaza ohlelweni lokulima amasimu abo ukuthi basondele emahhovisi omnyango wezolimo akuzo zonke izingxenye zesifundazwe. Kulamahhovisi bayofike bagcwalise amafomu ezicelo abayobe sebewabuyisela khona.

uNkk. Thembeni KaMadlopha-Mthethwa (MPL)
uNgqongqoshe: woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya, KwaZulu-Natali

LOLUHLELO LUMI KANJE

Abalimi bayoxhaswa ngezinsiza zokulima ezinjengezimbewu kanye nokulinyelwa ngogandaganda, kodwa ke angeke bakuthole konke (100%). Umlimi ngamunye kuyofanele ukuthi akhethe phakathi kwembewu noma ukulinyelwa. Angeke akuthole kokubili.

NAKHU ONGAKHETHA KUKHO:

1. UXHASO LOKULINYELWA

▪ Uxhaso ngokulinyelwa lubandakanya ukuphendulelwa kwensimu, ukubhuqwa/ukuhhala, ukutshala kanye nokuchelelwa ngemithi ebulala ukhula Kanye nezinambuzane. Abalimi abakhetha lengxenye bona kufanele bahlome ngembewu, umanyolo kanye nemithi yokhula nezinambuzane.

Uxhaso kulengxenye luzolekelela labo abatshala okusanhlamvu, bese kuthi labo abenza olunye uhlobo lwezitshalo bayolekelelwa ngokuphendulwa kwamasimu kuphela.

▪ Uxhaso ngokulinyelwa luzoqala kumlimi onendawo esukela kuhhafu wehektha kuya kumahektha amahlanu umlimi ngamunye (0,5ha kuya ku: 5ha), kodwa kumele amasimu abe sendaweni eyodwa.

▪ Imifelandawonye kanye nabalimi abalima ngokuhlanganyela bayolekelelwa ngokwesabelo esilingene umlimi ngamunye. Isabelo somlimi oyedwa sigcina kumahektha amahlanu (05 ha).

2. IZINSIZA KULIMA

▪ Izinsiza kulima ngaphansi kwaloluhlelo zibandakanya uxhaso ngomanyolo, imbewu yokusanhlamvu (njengo-mmbila nobhontshisi), imbewu yamazambane kanye nezithombo zemifino.

▪ Uxhaso ngezithombo lona luyosiza labo abatshala emazaleni noma ezikhungweni ezifana nezikole, amasonto, nemitholampilo nokunye.

▪ Abalimi abayothola ukuxhaswa ngembewu yokusanhlamvu, umanyolo, nemithi yokubulala ukhula nezinambuzane bayohlomula kufinyelela kumahektha amabili kuphela umlimi ngamunye (02ha) kepha kumele kube insimu esendaweni eyodwa.

▪ Abalimi abazokhetha okukodwa kwalezizinsiza: umanyolo, imbewu kanye nemithi yokhula nezinambuzane bayohlomula kufinyelela kumahektha amahlanu (05ha) kumlimi ngamunye.

UMLIMI KUFANELE ABE NALOKHU OKULANDELAYO UKUZE AKWAZI UKUSIZAKALA

Uxhaso lwalabo abalima emakhaya(One Home One Garden) kanye nasezikhungweni ezifana nezikole, amasonto, nemitholampilo, abanye okumele bafake izicelo ngaphansi kwaloluhlelo, kodwa bayohlonzwa Abeluleki boMnyango weZolimo ngokubambisana nobuholi bendawo.

▪ Abayoxhaswa kumele babe yizakhamuzi zakuleli (South Africa) ngokusemthethweni, babeneminyaka engaphezulu kuka 18 baphinde babe yizakhamuzi zakwaZulu-Natali (ngaphandle kwalamakhaya aholwa izingane ezingena ngaphansi kwezinhlelo zeFood Security).
▪ Kufanele babenamaphepha abagunyaza ukuthi basebenzise lowo mhlaba abazowulima okufana nencwadi yeNkosi/Induna (PTO), isivumelwano sokubolekisana ngomhlaba kanye nobunikazi bomhlaba (itayitela).
▪ Abalimi kumele basuse konke okungaba yizithiyo uma sekulinywa emasimini okufaka phakathi izihlahla, iziphunzi, amatshe, isikhotha nokunye.
▪ Abazoxhaswa makube wukuthi alukho olunye uxhaso abasizakala ngalo eMnyangweni kulonyaka-zimali (2025/26).

uNkk. Thembeni KaMadlopha-Mthethwa (MPL)
uNgqongqoshe: woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwemiPhakathi yaseMakhaya, KwaZulu-Natali

Isicelo sokulekelelwa ngoxhaso lokulima siyovalwa mhla zingu **29 kuNcwaba (August) 2025 Isikhathi ngo16:00pm ntambama**

ISICASISO
Umnyango uthanda ukuveza ukuthi uxhaso luyotholakala kuphela uma isimo sezimali emnyangweni sisavuma.

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

LET'S MAKE AGRICULTURE FASHIONABLE
KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development
@KZNDARD/YouTube
@KZNDARD
@kzndard
www.kzndard.gov.za

Inspiring New Hope

NDP 2030